LANGA LASE NATAL

Olwesihlanu, February 3, 1922.

PAMBILI, KUSILE!

NGELIDHLULE sikulume ngodaba olukulu lokuti abantabetu payausale bakulume ngokwenza kwetu tina esikona bakusole kuko bakubabase. Namhla siti ke indhlela engcono yokuba base bakulume kahle basho ukuti sabe si amadoda, ingeyokuba aye pambili ngoba kusile. Yonke into ikomba pambili. Isikati namandhla etu namatuba noNkulunkulu uqobo, kukomba pambili. Omunye angati singaya pambili kanjani loku sinezikubaso eziningi, napezu kwalemitetoteto ebekelwe ukusimisa ndawonye nekuba sibe yisisulu sesiswe sonke. Kuleso tina siti amanga akuko luto namteto naPariamande olungacima intshisekelo uma ingapakati komuntu ingesiyo eqqokiweyo nje kepa akuye umuntu.

Sesibonile ukuti isikumba asiluto ekuvimbeleni umuntu nasekumsizeni, into umqondo kupela.

Kuningi esesapuceka kona osekusobala nakubani ukuti sisemva kepa akukamuki konke ngako ukuze sigcine lokusasele sibuyise nobese kumukile iswi nekambi lisekubeni aye pambili. Sitsho ke ukuti makuti osebenzayo aqinise ati nqqi nofundayo enze kona loko ngoba lapo kulele ukupila kwetu. Uma sebekona abakiti asebekwazi ukusebenza kahle umhlabati nabakwazi ukusebenza amapiasi nensimbi nokupata imisebenzi emikulu yomhlaba neyenaolo siti sifanele ukutsho ukuti kusweleke nje wonke asimisele ukuti kuko konke akwenzayo aye pambili, isitiywana esincane singaze sadikibalisa impi le yokuya pambili.

"Ukuzaka kwabantu."

Leli yigama lencwajana abafundi betu asebeswile kakulu ngayo elotshwe nguMfundisi wakiti owaziwa kahle waseTekwini ngokushisekela kwake ukuvusa abantu bakubo.

Siyajabula ukubona lomoya ukumuntu ongumfundisi ngoba besiye simangale nje ukuba kwensiwa yini ukuba kuti okuyibona bantu abafanele ukuhlanganisa isizwe ngokutandana nokusizana kuvamise ukuba yibona ababiwayela ukula lokucwasana ngobubandhla.

Abelungu lungu abashayela isitimela sivama ukubabona uma kuhlangana isitimela zabo bebingeleiana kahle kepa abafundisi omunye welinye ibandhla nowelinye abatokozelani uma bebonana. Lowomoya sebawufaka nakubantu ababalusayo ukuba owase Lutere angakulumisani nowase Wesili nowase Roma nowase Meleka.

Kepa siyatokoza ukuba akusibo bonke nokuti bakona abatile abatanda wonke umuntu njengo Rev. Father Huss noRev. J. East nabanye singasakulumi ke ngoRev. J. L. Dube.

Kulencwajana uRev. P. Lamula ulinga ukuhlaba umkosi ukuba abantu bapapame lingaze lishone ilanga. Siti lencwadi yake izosebenza ukutandulula uncwazi olulele pesu kwendhlu emnyama ukuta ingaboni kepa kube kona okufanele yona kutatwa pambi kwamehlo ayo.

Into nje sikala ngokuti incane kakulu lencwadi kaRev. P. Lamula iqunsula amate nje ngokuhambe yapula amagatsha kepa ingagauli imiti emikulu evimbele ukuya pambili kwendhlu yakiti emnyama. Setemba ukuti njengaloku uRev. P. Lamula eqaule ukugingqa inseme uzobuye apinde enye ete dhlwe kule nokuba abanye nabe bazotateka balobe amabhuku balapa kwaZulu kwande abalobi bakiti kuyeke ukuba ufike ezindhlini zamakolwa ufice ukupela kwebhuku kuyi Bible.

IZANENO NAPESHEYA

INDHLALA eRUSHA.

Kusabikwa njalo ukuti eRusha indhlala iyesabeka nokuti namahlayana okutiwa ayenziwa okutuma ukudhla awayikusiza luto zisokufa izigidi kona. Kepa kusanywa ikakulu manje ukusindisa isingane ngawo onke amandhla.

ISIKONYANE.

Lesisita sokudhla kwezwe sibikwa njalo ukuti nonyaka size sitola ukupepa singabulewe ngako kuyoba kona ingozi yaso. Abanye bacabanga nokusibu'ala ngomshini wokundiza kepa akubonakali ukuti naloko kupumelela. Kusolwa abanini ukuti yibona abasiyeka iseinkase.

UKULONDOLOZWA kuka PAPA.

Ukulondoloswa kwesidumbu salomuntu omkulu kube okungandile. Isililo sake njengoba sasho ngelidhlule saba esikulu ngokungandile. Lapo esalahlwa wafakwa emabhokisini amatata elomtofu nemiti engabile emibili embozwe ngosilika Induna enkulu yesigodhlo yabeka isimbozo sika silika ebusweni na sezendhleni. Kwafundwa incwadi yempilo yake yase ifakwa ohlangeni lwetusi yabekwa ezinyaweni zake. Kwafezwa eminye imidati isidumbu sayiswa elatini elikulu sasuka lapo sehliswa sayiswa endaweni yaso.

Sekulungiselwa ukuvotelwa kozotata isikundhla, onke amaCardinals asesendhleleni eya eRoma ukuyoketa lowo.

BATI MAKUPELE UKUZIBULALELA.

Isenzo esibi sase United States sokuti uma abantu boniwe ikakulu uma boniwe ngomnyama ukuba bahlangane bamtate emapoyiseni basibulale'e yena sekuze kwabadina abaningi abatanda ukulunga nomteto ngako iCongress yase United States isiwusopile umteto wokunqamula loku ukuba labo abagila lowomkuba bazi ukuti bayaube bazigata noHulumeni nomteto. Le ngati bangapumelela.

UHLOBO LWESITATU.

Ubunyanga babantu bokuguqula uhlobo oluzalwa umuntu kade bungaziwa esilungwini kepa lapa eAfrika bekuhlesi kwensiwa ukuba uma umuntu ezala imbewu yamantombazana odwa aguqule uhlobo abesezala abafana. Kuswakala ke ukuti uProf. Huxley uti usewutolile umuti ongakwenza loko ukuba umuntu azale uhlobo alutandayo ngokucata noma ukufaka umuti egazini waloko. Kanti nabamnyama laba babenikiwe ukwazi ngoba loku kade kwaziwa lapa.

ISTRAIKI EGOLI.

Ukuti iyipi ezokwapuka upondo kulomzukuzuku wase Goli akukaqondakali kepa ukuhlupeka kwakona sekukubi kakulu abanye bazoshona okokupela siningi isitolo ezizovalwa ngenxa yalesi Straiki. Akusakanyiswa abe amatram kade ema. Kuyauba kancane bengazidelanga amatambo abanye asebelambile. Abantu asebehlile kona baningi isitimela zehla nabo mihlayonke. Inkinga iyimise ekutini abalungu abafuni ukususwa emsebenzini noma bengawazi. Koqaqa abaqaqi.

IZINDATSHANA NGEZINTO NABANTU

Ivukile manje iMoto kaMr. Mngadi iyatuta abantu zonke izinsuku.

—:o:—

Ubeye eSeminary (Inanda) uMr. Esau Dhlomo waseFafa M. S. epekezele intombazana yake.

—:o:—

Liyavulwa ngolwesihlanu Feb. 17 iParlamende le Union eCape Town.

—:o:—

UseseMfume M. S. uMr. G Sivetye ukupata ibandhla lakona. Setemba inqubekela pambili kuko konke.

—:o:—

Isitimela sigaye umfana wase Nanda uWeavers Mkabela wafe la kona lapo. Loku kwenzeka eAvocca.

—:o:—

Uke wati qu ngalapa Oh'ange uMr. Mazinyane Lutuli epelekezele indodana efunda lapa.

—:o:—

UmVangeli wase Bethany School uMr. Z. M. Bhulose uze wafika lapa Oh'ange epelekezela abantwana.

—:o:—

Siyajabula ukusho ukuti sewaba ngcono uRev E J. Mbonambi loku wake waba buhlungwana.

—:o:—

Uzauke ablale eMsunduze M. S. uDr. Taylor (wemiti) afundiswe isiZulu nguMiss C. Mfeka waseNanda.

—:o:—

Kuzwakala ongati izoba kona iMoto etuta abantu ibasusa eKearsney ibase kwaMapumulo ibuye ibehlise.

—:o:—

Umlungu oyiManager eGoli uhlaulisiwe £15 noma inyanga ejele nomsebenzi onzima ngokugabula intombazana yomlungu isebenza kuye.

—:o:—

Umshini omusha wokundiza ubikwa ukuti ulunjwa eItaly ozondiza amamaili angama200 ngehora. Nyakamumbe basofika elangeni abawezi laba.

—:o:—

Intombi le pesheya eItaly isanda kubulawa yisilwezi sayo ubambo lwaso olwalwapukile yawa yahlabeka inhliziyo yafa.

—:o:—

Isasiso sika Dr Nail sokufuna ihumusha lentombazana eMzinto sate sifunwa abantu abangama 40, imvama otisha. Abogaul'ebheka amaGrantee.

—:o:—

Abantu ababekwela esitimeleni Chaka's Kraal babukela umhlolo wendoda yomlungu ishaya umkayo umesisi neagane, umesisi etuka kute kwishi.

—:o:—

Umfo ongumshayeli wamaSulumeni anesitolo kuPine St. ubekwe icala lokuti wega nemali engama £42:10 ayisikwa ukuyiyisa kwelinye.

—:o:—

Izinja zamapoyisa zisanda kutungata samtola umuntu ePitoli owafohla indhlu kwasale ibhantshi lake.

—:o:—

Izulu lenza insumo ngalamasonto adhlule lana imvula eyesabekayo leduma umhlolo imifula yagcwala yadhla izingwani. Emfuleni iMvubugazi kwacwila abantu abayisitupa.

—:o:—

Ohleni lwabahlolwa olubonakele ngelidhlule igama likaMr. Albert libonakale liti, "Alfred" Ntaka. Isiposiso senziwa ngabe Education Department. Lo ngutisha waseMahlangwa.

—:o:—

Icala elihlekisayo lisanda kutetwa eLangwane (Volksrust) lapo uKleinbooi waboshwa umnyaka ngokweba izinkomo zeBhunu walobola ngazo umfazi naye emebile.

—:o:—

Kusanda kubaptiswa uChief Mtonga nguRev. P. Blessing Dahle eKangelani M. S. nkoDec. 26. Wabaptizwa ngegama likaStephen Zulu. Ungomunye wamadodana asasele kaMpande inkosi. Ibuto lake unguMxapo.

—:o:—

16 Nxa ahleli lenhlalo yetu pansi kwe langa elishisayo lehlobo, ukuguquka kwesulu kusenza sibe sisulu nje esiswini esilumayo, inkatazo ebuhlungu kakulu. Umuti waleyonto wokuselapa ngokupatama lona kaWood wePeppermint. Uzagemmangaliso esifweni sesisu. Ungalokoti uhlale ngepandhle kwegabha lawo endhlini. Itamo njalo ngesikati ode alipuze livimbele inkatazo embi. Utengiswa izindawo zonke zaakemisi nesitolo.

UMHLANGANO WeNHLANZEKO.

(Ku Mhleli weLanga.)

Mngane,

Nginendaba enhle engitemba ukuba abafundi be "Ilanga" basotanda ukuba beswe ngayo ngaloku sengiti ngicela ukuba kucindeselwe epepeni lako indaba enhle kona lapa eLansdowne, ngoba noma sinobuhlungu esihlisiyweni setu ngenxa yabahamba kabi, ngitsho ababiswayo ngegama lokuti "iKolwa" abaleta ihlaso pesu kwegama lika Kristu, nesiaceku sake, neBandhla lake. Ngoba pela bakomba kakulu kubona bati kusizani ukukolwa nampa abahamba njengati, bayapuza, batata abanye abafazi, babambelela emtetweni yaba sebumnyameni, banjengati. Batsho njalo, abesebumnyameni. Ngiti kubona abaseNkosini. Bafowetu nodadewetu, lesisiuto asifanele nese sibo njalo. Kodwa ukuba umuntu ohambayo eNkosini, noselwe ngoMoya oyingcwele opesulu, kufanele imihla ngemihla, atele isitelo sikamoya oyingwele, esifunda ngaso, kwabase Galatia V. 22-25.

Yebo kuhle futi sipenye sifunde isitelo senkanuko senyama, Abase Galatia 5:19-21.

Masi ihlolisise ngapakati, noma ukuhamba kwetu kuhlangene ngamavesi akuluma ngesitelo sika moya 19-21.

Noma sihamba agamavesi 22-25. isitelo senyama.

Kodwa pesu kwaloku naiso indaba enhle, ngoba abanye bakiti bangenile "lomhlangano weNhlanzeko," nokusitiba, omuhle kakulu.

Au kuhle, kanjani loku, ngoba isilingo sikona kodwa uma umuntu okolwayo esimisele ukuhamba ngobungcwele, unamandhla impela, ukuba abenjalo.

("LOMHLANGANO uyamema bonke abesilisa, nabesifazana, nabo bonke abatsha.") nangokuhlangana ukukolwa kwabo eNkosini, namandhla ayo ngoba ngani, sinemandhla ukuba senza konke ngaye owasifelayo, akunjalo na? Lomhlangano umiselwe ukuba bonke abaseNkosini, bahambe ngobuqoto, nangobungcwele. Kungati bangaqonda kahle impela lawa amavesi atolakala kwabase Kor: Lokuqala 6.15-20. Kanye nabaseKorinte Esibili 6. 16-18. Ngicela ukuba nina sihlobo sami, nifunde lawa amavesi onke.

Singayibonga iNkosi kakulu ngoba lapa siti esibatandayo abahamba kanjalo, kungati njengoPaul, siti bantokoso yetu, bamiqele yetu, kodwa konke kukuye uMsindisi wetu ngoba uyena, noMoya Oyingcwele obaholayo kanjalo. Au iNkosi ibagcine njalo pesu kwesilingo zonke, futi sifisela ukuba abaningi bangene kulomhlangano weRibini elimhlope makube njalo, ukuba abantu futi babengcwele bonke. Ngiyazi ukuti kulukuni kubo abanye, ngoba kakulu amantombazana, abatanda ukuba abambe kahle, kodwa nxa abesilisa bebapata njengesinkomo, basokwensenjani? Adinga ukuba abe nesibindi sokutata ukuma kwawo pambi kweNkosi, bamelwe babe ngcwele nabo batengiwe ngegazi lika Jesu Kristu, nokuba akuko kuhlukanisa kuyena. Kunjalo nje sihlobo sami ngenani eNkosini kuqala ngokwempela nakulomhlangano wenhlanseko ukuba abakiti abausundu babengcwele nabo, ngoba akuko ukungcola okusongena eZulwini. Ngaloku masisivume isono setu, kona ngegazi lika Jesu Kristu siyo hlanzisiswa impela. Ngoba ukuba sebandhleni akunakusiyisa eZulwini, masingasikohlisi ngokuti sesiqedile ngoba sisebandhleni.

W. L. HAWKINS.

Umuntu kafi apele.

(Ngu M. M. FUZE.)

Ukubakona komuntu ka umuntu omkulu zakalu engabile. Umuntu umuntu sake, afana nomahambaendhlwana isilwanyana esadalwa ngoshiakani obakulo buka Nkulunkulu. Kepa umuntu owadelwa ngozwahlunsaniswa kwesiyo isilwane es.datiweyo kusiwa kaGenesis iaxa siladewa indaba yalowo ongasiwayo owaqala akeqamisa abaNkulunkulu kubanta "uJehova uNkulunkulu wamenza uAdam ngotuli lomhlabati, wapefumla emazaleni umpafumulo wokuzwa, umuntu wokuqala wabe umuntu osweyo." Gen. 11:7

Indaba engangiyiqamisa kubantu agokungafi komuntu ngengite "amanta kafi apele", ngoba engaNkulunkulu. Isidemba somsimba womuntu singamhlabati uqobo esidalwe ngawo, inganti umuntu opakati kwesidemba iso ngaye uNkulunkulu uqobo, okona ohleayo, ongafiyo, owab'enona, oyakubakona njalo nepakade. Isambulo 1:2

Kuyangimangalisa impela ukuzwa abanye pakati kwetu becabanga ukuti umuntu afa apelo. Inganti oxayisiminya, isidemba somunta singamhlabati uqobo esidalwe ngawo. Ngani na? Ngoba njengokalinganisa kwake lowo owasiqambela ukudalwa kwomhlaba nesulu nako konke okukuko ute isidumba somuntu sigcina ngokubuyela emhlabatini, kepa uqobo lwomuntu [illegible] nisibisa ngokuti umpefumulo labayela kamaimlo, uNkulunkulu, olwalapume kaye. Yena-ke owaqamba lendaba, wakulama okusoala okungehle kubonwe na isikadhlwano.

Ake ngitate kweyakiti endulo yokukonsa amadhlosi, abati abaningi namhlanje ku isono esikula ukukonsa nokwazisa aoyise naonina abangaseko kulomhlaba, asebabuyela emhlabatini isidumba sabo. Kepa bati bekutsho njalo loko, babe befondisa abanta amaswi asimemelo esi ishumi, okutuwa zayalezwa esantwini ngaMosi sokuti "Yaz'sa uyihlo nonyoko" ekona kayi ahlamva yeswi elipama kuBabe uNkulunkulu Ngoba pela amantungamasi kanjani uNkulunkulu engaoasi oyise nomina? Konje kona lapo shlaze uMosi wabesiza ngeni yena abantu ababelunywa yisinyoka? Angiti siswa katiwa wanasela ngesitombe senyoka owayenza qede ngeti si, wayipanyeka emtini, ensela ukuba bati labo asebelunywe yiso baneI'akubheka leyo elenga emtini, basinde na? Po! kungashiwo kanjani nalabo abakonsa amadhlosi, ukuti basesono, loku osalaadela umkuba lowo omdala waakeao babo? Yebo kambe namhla nje sekuqame kakalu, ukuti isyoka leyo yetu, eyabe yenziwe ngaMoseahlane, yabe ilinganisa umhlola omkulu oyakuqamuka esisweni sakwaIsrael esiyakuvela wokuti, kwohamba kubambe kusalwe omunye pakati kwabo, oyakati noma esa osulungileyo kubo, apanyekwe emtini njengaleyo nyoka kaMose; konkepaakati bonke abatemba kuye basuse akusindiswa emigdini yabo [illegible] ngas'ebuhle si base Sabe, ote masyeese ume asahambe kulomhlaba.

Ake ngibuye-ke manje. Abantu abakonsa amadalosi basolelwa-ni? Besolwa ngobe uti umuntu lapo es'osizini chiopeka, ubeti inkomo yake noma nge imbusi yake, abonge oyise naonina naoyisemkulu. Ayihlabe qede, uti lowo okade egula esinde. Kutini ke lapo? Kuti, njengokushumayela komPos oli uPaul kwabase Atene, owati, 'Ngite ngidh'ukuleka, ngabona ne alata futi kulotshwe pesu kwalo ukuti, Elika Nkulunkulu ongaziwayo? Lowo kambe esimkonza ningamazi, nginiitshela yena' UKWENZA KWABAPOSTOLI XVII. 23, 24. Nabo labo abadala basiti bangaseliwe kakulu ngokukonsa kwabo amadhlosi agoba kute ukuba bangamazi uNkulunkulu, baqinise ngako, beti, noma kambe bengaseko aje kuleli namuhla, basekona esweni elisayo lapo behlezi ikona. Nibokumbula pela ukuti inxa kuvaka inyati nesinye nje isilwanyana esilimaseyo isikundhlwana sibaleka siyobanda ngoyise, osongati unamandhla yena usakushlula. Banjalo-ke nabo laba abasakonsa abakubo abengaseko, baqinisa ngako loko okunjengaloku engikutshoyo: ngoba bekumbula ukuti kwababashiyile abasali babo, noma bengaseko bengasaboni kulomhlaba besekona njalo.

(Isaqutshwa.)

ISAZISO.

MAQADINI BUTCHERY, PHOENIX.

Sasiea bonke isihlobo ngenani letu lenyama ukuti isishibile kusuka kudala. Sinamandhla okutumelela noma ubani ngesitimela uma eyifuma ayitole ngalolololanga noma umuntu engafuna eyokusitengisela. Umuntu atumele imali ayiti,Register. Isanti ke ikeli.

MAQADINI BUTCHERY,
PHOENIX.

Ukusaka Kwabantu.

Ukengeawani kwabantu bakiti sekwaze kwenza kabe kona abantu nje abati: "Kakusisi luto ukusimisela umsebenzi woke lukeka umuntu osendaba." Omunye umlungu wati, "Noma ngumulungu, noma ngumuntu, wase esimele njengenja yahlelwe inyamasane, uma eti ulalela umuntu omnyama, ngoba inqondo yabantu yashiya isanda yamila ngemva" Nempela ke, uma ungasho akati uyasituka lo mlungu siyabona nje okuba ukal isa iqiniso. Abaningi kubantu bakiti bangisa umuntu ogalela ukufa, ngoba abise isinto sonke, futi noko isinto sonke Yiko lokoko, okuze kudikitselise nalabo abake basimisele akwaka ahlanga olannanda. Ngitsho umuntu ensesibindi esku uhanganani, ukuhlangabeza impi, engahlaleka uma eladelwa ngamagwala anjengalawo ka Gideon apam amanzi eteto ngesisu, ngoba kuzega amazolo akuye empini Umlungu otile wati, Kasakepumeleia sekanci, umuntu ongenayo i "Fortitude." Kati [illegible] na nengoni uma [illegible] teleka okatiwa ngolimi lwakiti 'isibindi.' Isikati sanamhla yiso impela esiswele umuntu ona "Fortitude."

Eminyakeni eseyo, abanye bohla la kahle zakala, bokohlwe aye isiahlapeko sanamhla. NeNkosi yati, "Uma umfazi ebeleta ubona ukufa kupela. Kanti, esebelete ukohlwa ukufa abone injabulo kupela." Impela ke, nanamhla kunjalo. Umuntu onsunda ubona ukufa yonk' indawo. Uei twa esispalasini, koLisevu, napi napi. Namalungelo atile avaliwe kamunta onsundu. Nemalane choiwa umunta onsundu kayisisi luto ukugcina isiswela sake nesintoko sika Halameni. Abanye sebesaba nosuhlela emakaya ngenxa yesiahlapeko samapasi. Kepa, basiti esifundileyo, nesagabaholi besiswe, maningadikibele; si sihlangane, siswane nokusawona, si simisele sonke ukuhlanganisa isiswe sasiti, siswane noma abanye besemapalasini, nase Zabelweni, nasoLisevu, nase madolobheni, napi napi. Sesaamsamo omkulu otiwa "Simultaneous Effort" okuti; Umsamo onjengomnxaso wonkonsi isuselo esye. "Izandisa yabantu, isosandhlesi sabo." Uma abantu besimisele ukuhlanganisa imali yabo, bayidele njengaloku beyidele amatshwale, emadolobheni, eMatshemi, ezosemavinakisini pakati kwawo, bangabona izimangaliso. Abantu babeqonda ukuti imali yiyo eyenza isitunsi esiswani sonke sanamhlanje. Mhlaa sebe ama bakakona nehlangano etile yabantu enseiswama sika £600 000; singabona leyonhlangano sekufike isosio esine sipamaa ka Halameni noma enkampaneni etile yabelungu, itengise ngalinye lamapulazi amakulukazi, kugcwele izinkomo, nezinkosi nezihxabo. nani, nani ebe kungenza leyonhlangano yabantu ibone isikohlwe yiso sonke isiahlapeko esipete laco isikwama sabo esiosebenza imipongolo nebemijaho yamahashi, nabo bonke okuyisabo esikwamo sabaningi. "Isisandiso yabantu isosandhlesi sabo."

Izase Mawalume M. S.

Umfo ka LeRoy useqalile ukuvezwa abantu ngesokulima umoba. Wafike sesemehleko ngabomve, noma kodwa kuhlabisiswe kesahleiwe isindhlela sokusebenza kepa eMission yona isiyatshala eGlebeni ngako ke esyalile umfo ka Anton uMr. M Ciliza indona ye Mission yomoba. Setemba ukuti "kasofo" isintabe emadodeni alapa ngoba onke akutele ukulumeni.

Ibandhla lakiti lisanda kulahlekelwa emunye wamadoda amadala ango Nohleva uThomas "Gobo" Hewes owapenduka ka Dr. Adams noLindley. Wa engomunye wamadoda ayekutele eVangelini ngoagoba wake waba uMvangeli waseSidumbini wabuye waqamba umsebenzi weNkosi uKabus'eweni Beza yindoda egoto wase walale. Si yayibonga iNkosi ngoba impumusile okukahlangweni. Walahlwa uMfundisi wake uRev. N. M. Ndeli noma kwabe kukona ukuhlupeka okuvelilepo, isifo emisini esgakona (Small pox, naye wase valelelwa kwase kwafika u Dr. Bonfa wabona ubulewe ibo jasabadaze oke ibandhla ke lamlaha ngodamo olukulu.

Siyacomga ke ibandhla lakiti [illegible] nde kapumelela kuyo yonke imsebenzi yokulungiswa kwendhlu kusiteka imali eningi. Sibonga noMfundisi wetu omdala uDr. Wilder owabesekeleyo masyelena nokulitengisa insimbi enkulu kakulu. Asisose samkohlwa uMfundisi wetu neMission eyasisesaleyo. Siyabonga kakulu.

Sisanda kubusiseka futi ngokwakiwa kwendhlu entsha yase gatsheni le Entandaneni, Lendhlu yakelwe iSonto nesikole ipakati kwabantu bengapandhle. Setemba ukuti izoba elikulu igatsha ngesemva kweminyakana. Iugu 40x20. Ivalwe ngu Mongameli wetu uRev. F. A. Christofersen wabaya wa shumayela kamnandi uti esekelwe uMholi wase Fafa uMr. S. M. Gumede owapossa amaswi amnandi okukatasa abantu. Abantu bacishu ukuba ama 500.

UMalusi we bandhla watata ihlangoti lokunikelisa ngamaswi ati 'abusiwe opayo kunoGabhela kwesake,' waqubeka ngokuti, "ukunikela kusikela iMfeyo kwel saye." Loko kwenza akuba kuvalake isikwama salula banikela kahle imali esishu ukuba ngu £10, kanti ibandhla lisanda kusebenza kangaka. Kute aku ge'asei uMfundisi wesle uMongameli ukuba akahlakele ngomkosi, wahabe ela lo esiswa iChoir lika Mr. T. Fiede uajabela abantu kamahaye la ihlombe elikulu beqala akuswa amasu ehlabelela njengo ayoni uMfundisi Ndeli wase esaqamba igama lokuti "Ienwinowi opasa ngoti ka Christofersen," Laba lilo kalo gama kube bu aba.

Okunye okubongelwayo umnikelo ka Chief Colin Fynn ogalele bonke ngo £1 wabeyo futi wakuthene abantu ngokuti abadedele isingane zise esikoleni. Siyayi bonga le Nkosi kakulu nomnikelo omunandile we Mfu. Christoferson £1. Ne Chief yakiti lapa esikoleni uChief Zeme Sidumane osembale umsebenzi [illegible] kati kwesikole esikolene kakulu nabo Fundisi. Sinesh'anhle ngoye. Pakati kwalomvalo kwe jabulisile akubona uMr. Aaron Jali opakati kwetu okade epete eFafa nes'nto sase Ngcobo u L. S, umbhali wetu omdala. Amabeakabedhla umuvye, ngoba pela kudaba ukuba bonke batwele amahashi. Kwabe kukahle kabi ngalo'o Sonto akandhla kwakukuningi esiwweni kaMhili uAlfred opete lelo gatsha esiswo uMr Goldstone nabanye. UMfundisi wagcizelela kakulu kubantu ukuti le yendhlu ngeyabo ukuba batamele abantwana kuyo ukuba batande bezonto no Chief wagcizelela ngamaswi amahle anjalo.

Leli bandhla lise msebenzi eminingi, yokwaka nase Nkungwini isiyakiwa eakwa Bangibiso futi sekuzo kwakwa entsha enulu esiswni esiba ibandhla elisipiwe iNkosi uFynn,

Imina,
OWAKONA.

NGOKULIMA

IZINGULUBE

(Iqutshwa kwelidhlule.)

IZINHLOBO.

II. Ingulube enkulu emnyama (Large Black.) Ileke ingulube ebafanele kakulu abaMnyama. Imnyama bhuqe. Kwelifana naleli laseNingizimu yase Africa, lapo ilanga lakona lishisa kangaka, ingulube emnyama iyavama ukwenda nakulu kunesimhlope. Lolohlobo lukula ngamandhla, lulukuni, luyakwazi ukweluka alawona amazwayela.

III. Ingulube enkulu emhlope (Yorkshire.) Lengulube enkulu imhlope nke. Isheshishiswe ilange uxa kungeko mtunsi.

IV. Ingulube ebomvu (Tamworth.) Le inoboya obubomvu nekala elide impela. Ayikuli ikulupale masinya njengesinye isinhlobo.

Pesu kwaloko isipeke sayo sinenas eliaula kakulu ngoba sinenyama eningi ebomvu. Lesingulube sipambili ekwenseni isipeke. Ziyasiwa kakulu ngoku ngabi amacoboka.

Isinhlobo esitile sesingulube siyacuma esindaweni esitile lapo esinye singacumi kona. Kufanele ukuba umuntu asifunele abone ukuba ilup uhlobo olufanele indawo akuyo nalowo msebenzi afuna ukuwenza ngaso.

Lapa sivesa isingulube esinhle ngenxuba isinhlobo. Ingulubekazi enkulu emnyama, iswelwe inkunzi yengulube ebusobumhlope.

V. UKUZALISA.

Into enkulu kakulu okuswelisesi sonke isilwane ukukata inkunzi enhle. Nasesingulubeni ngakuba njalo. Amacwane ayavama uunfuse uyise. Kodwa noyo yonsikazi ngakuba isilwane esihle kungabi ini nani nje. Iewane lengulube lensikazi kufanele liqede iminyaka esi 19 andubo lithejiswe, ngoba amacwane amahle avela kupela nxa unina ebesekule waqeda. Ingulube imita isinyanga esine. Isikati esihle sokubhebhisa ingulube inyanga ka August, kona iyozala ngoDecember kukuningi ukudhla okulahasa. Ingulube ingazaliswa kabili ngonyaka. Kodwa kungcono ingulube is'ipunyuswe ingakabhebhejiswa. Uma kufuneka izale kabili ngonyaka amacwane angepusiswa esaqede amasonto ab eselwe. Uma kufuneka izale katatu ngeminyaka emibili angepusiswa ese namasonto ali2 eselwe.

Ingulube isemiti ngaingazoshwa igijinyiswe. Ingulube iyatanda ukusesela ifuku nxa isisosela. Kuhle akwe utshani obuningi obomile isisukele bona. Loso pela ikwenseia ukuba amacwane angabanjwa utshani. Kufanele ukuba umuntu apone'iso esgulubeni nxa isesa ayibheke ingadhli amacwane, ngoba pela esinye siye siwadhle amacwane. Ingulube ngayipiwa kakulu ngesonto lokuqala isele, kona ukoba nobisi oluningi amacwane esute kusasukanje akale kahle njaloke. Uma engesuti eiamba kusasuka pansi, ngeke esabuyela esimilweni esiale sobungulube noma sekwensiwani. Kuyatana napi esiwaneni nasetitini ngemveio. Ukuqala kokube kona isona sikati esiaulu kakulu. Nxa kuvela yipi nayipi ingozi ebangwa into enje ngokuncishwa ukudhla ayibe iselapeka ngaluto, noma kungesiswani.

BONKE OMKEMISI BANAWO.

Odotela belapa ngokaChamberlain womoya nokuhlambuluia ngokuba welapa inkwantshu esiswini nobuhlungu besisu nasesbe kunayo yonke imali ebangahle bayitake. Yini po ukuze uaokele udotela ingani ungahle utengwe nakumupi umkemisi? Igabha libiala iminyaka akuko kaya elipelela ngapandhle kwalo. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Isifundo seSikole seSonto

ESESIKOMBISA, FEB. 12, 1922

UELISHA NOWESIFAZANA waseSHUNEMU. 2 AmaK. 4:8-37.

ISITATELO: Ngiqinisile, ngiqinisile ngiti kini, Isikati siyeza, namanje sesikona lapo abafileyo beya kuzwa izwi lendodana kaNkulunkulu; nabezwayo bopila. Joh. 5:25.

Amavesi amavesi: 2 Amak. 2:19-25; 4:1-7; Joh. 11:1-46.

Isahluko sendaba: Umsebenzi kaElisha wokudedesa nowetu.

Ihlelo lesifundo:

I. UKUPATA KAHLE ISIHAMBI komSHUNEMU NOMVUZO WAKE: va. 8-17.

II. UKUHLUPEKA komSHUNEMU, 18 31.

III. UKUSIZAKALA komSHUNEMU ngoELISHA, 32-37.

Kahle esifundisiso konse okulandwa ngoElisha pambi kwalesifundo, njengoba kubekiwe esaveseni lawo amaeye ngap salu, nasezahlukweni esitete. UElisha wasegefani noElija, kepa wa esesibindi, engambi ukwesla okubi. Njengo Elija wabe engumuntu womkuleko wapata isikundhla sikaElija esikoleni sabaprofeti. Makabe kwakuyilapo edhlala esinye esikole eya kwesinye mhla epambukela eShunemu, lapo wangeniswa wapatwa kahle ngowesifazana lo esabileyo nomyeni wakhe. Ilawu alakelwa yena labe lesopahleni eluyitantela lwendhlu, lapo wayemalala amelawu esihaanoi esakiwa kona ePalestine, kuyiwa kulo ngesinyatelo esingapandhle, ngako uElisha engadhlali endhlini.

I. Asinaka yitole ndawo indaba enhle yokungena isihambi edhlala le elandwa lapa. UElisha wa engenelani nalo wesifazana waseShunemu, kepa owesifazana wabona ukuti angumuntu kaNkulunkulu wafisa ukumenzela okuhle. Umyeni wase wakwenza ngokujabula okw shiwo owakwake tweti uElisha wavuma ikaya endhlini yomuntu ongomnyayo. Igama lokuti "ilawu lomprofeti" sekuyigama lamasamelo amaningi lapo kwalala kona abantu baNkulunkulu. Njengomhlobo woqobo, uElisha watanda ukubonisa ukuti uyambonga umuzi wake lo wati naye usomenzela into naye umShunemu, eti umomcelela uto enkosini. Kepa wa umuhlobo sake engadingi luto enkosini. Isipo esiteyo sato sinkulu sidhlula naapi isikundhla sodumo. Umoya wake wawanelisiwa wafikisa umvuzo wawo.

II. Esaweleni sosisi olukulu komShunemu le ngokufa kwend dana yake, akasolanga uElisha, kodwa waseka kona loko waya kuye nosisi lwake. Wati ukuti umuntu kaNkulunkulu asomisa kuncane bonke abantu. Akenelisiwanga ukuba abanjelwe omunye, wahlalela uGehazi ukuyalyise umprofeti womfana. Ngasho abhobo lukaElisha uma lepatwe ngumuntu ongenowo uMoya kaNkulunkulu lwalu ngenaku kwenseokufanwayo. Kanjalo nakiti, ngisho umaseso neBible, esmisecansi emahle, akusi luto uma singenawo uMoya kaNkulunkulu. Ukependula somShenumu lapa kubuswa ngomntwana wake sokuti, "Kahle" onke singependula ngako konke siveliwe yisele nokuhlupeka. Baningi abantu ababa namandhla engepandhla ahlupo labe yisibus'so ngokungelapimonkeli, kepa balupatela ukuza aNkulunkulu.

Owesifazana otile eAustralia owokona namahla, kwati ngokugela yisifo wase wenqunywa isingalo zombili esmilenze. Kwasala kupela isidumba sokanda. Kodwa usepandhlele abaningi kuKristu ngomoya wake onikelwe kuNkulunkulu ngokusebenzisa lwo mandhlana esesele.

III. Bozabili ooli aba nomina babo aisa ukutolwa okukulu omkulekweni ngalesisikati. Makube uElisha wakambula uElija nendodana yomfelokazi waseZarefati. Njengoye wakulekanga ngesinene kwati kabanadala zombili uNkulunkulu wapendula umkuleko ngokuvusa ofileyo. Sesiyakubona nje ukujabula okwafika kubasali nasekayo lapo umfana esipanyiswa elawini lika Elisha, epilile. Imikuleko yetu ayipendulwa sonke isikati ngendhlela esiyifisayo. Abatandekayo betu bayasuswa kiti. Kodwa uma sinetemba loqobo kuNkulunkulu, noMoya wake ekona kiti, ngisho isiosisi setu singehle si sisond se kuye, kuti nabantebetu abesesulwini basenze s'ise kakulu ubahambe ngokuyesensa siyohlangana nabo kone.

Umsebenzi kaElisha wokudedusa yiwona okuswelehe siwalandele sonke. Kuhlala kukona esihlesi nabo abahlupekayo naba nosisi. Noma singenikela konke ukupila kwetu ukwenza umsebenzi munye wokusiza abampofu nabasweleyo, noma sihamba amasutu asifikela mihla yonke, singa siyabetisi nesetu isindhlela, singahle siti ngokusiswa uNkulunkulu siwse ukujabula okubusiseka kubantu abaningi.

UJesu "wahamba enze okuhle." Abaningi abalandeli bake balingisa yena basisa isinkulungwana—esihledhlela nasisindhlini, nesezisoleni. Iziguli ziyelashwa, abalambileyo bapiwa ukudhla, abeswelayo bayagqoqiswa. Kulapo sikufike kona inkolo kaKrista lapo loku kwenziwa kona.

AWUNAKUTOLWA.

Ungafuna napi lapo utanda kona ungeze watola umuti ongcono owatsebekileyo wesisu, nesibindi namatumbu kunesinhlamvana sika Chamberlain. Zitengiswa yibo bonke abatengisi.